**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULWA KWESOYI LOMIGWAQO U-D9 EJOZINI, MHLAKA 4 OCTOBER 2011.**

Mphathi wohlelo;
Nkosi yaKwaJobe;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
IMeya yoMkhandlu;
AmaKhansela;
IziNduna;
Izisebenzi zemiNyango kaHulumeni ekhona;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi namhlanje sithole ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha kuMasipala waseJozini emcimbini walolu hlobo. Njengokujwayelekile, njalo ngenyanga ka-October siyaye sibe nemicimbi ewuchungechunge lapho sibheka izinto ezahlukene kwezokuthutha, okuhlanganisa ukwakhiwa kwengqalasizinda kanye nemikhankaso yezokuphepha emgwaqeni.

Namhlanje-ke singuMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize sithe masiqale lapha eJozini sizozibophezela phambi kwenu mphakathi ukuthi le ngxenye yesifundazwe sethu asiyikhohliwe futhi sizazi kahle izinselelo ezibhekene nomphakathi wakhona kwezentuthuko.

Sikwazi kahle ukusalela emuva kwendawo yaseMkhanyakude uma kukhulunywa ngentuthuko jikele. Siyazi phela ukuthi njengoHulumeni kusafanele sivale igebe elavuleka ngezikhathi zobandlululo lapho izindawo zangapha zazinganakiwe futhi zithathwa njengezingayifanele intuthuko.

Yingakho-ke namhlanje sithi siyabonga ngombhidlango esiwubonayo oqhubekayo wokulethwa kwemigwaqo endaweni yaseMkhanyakude. Ngithanda ukukuveza nje futhi ukuthi sengike ngahlangana nezimeya zalapha eMkhanyakude ziholwa uMeya wesiFunda umfowethu uKhansela uVilane, saxoxa ngemigwaqo edinga ukubhekwa ngokushesha nengaba negalelo ekuthuthukisweni kwezokuvakasha.

Kuyimanje uMnyango uphezu kwezinhlelo zokubheka ukuthi yimiphi imigwaqo ezokwenziwa nini, kuye ngokuthi imalini esinayo ngaleso sikhathi. Phela vele isifiso sethu ngukuthi ingabikhona indawo egcina ingenawo umgwaqo lapha esifundazweni. Futhi ngelinye ilanga kumele yonke igcine iyitiyela.

Kodwa into esihluphayo engihlale ngiyisho uma sihambele imicimbi enjengalona, ngukuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda. Cabanga nje, njengoba silapha namhlanje naphansi e-Port Shepstone bathi siyofika nini kubona, eDumbe, koNewcastle kuze kuyogudla izintaba zoKhahlamba ko-Bergville basibhekile nakhona.

Thina-ke eMnyangweni wezokuThutha sikholelwa ekutheni imigwaqo esesimweni esihle ibaluleke kakhulu ekwakhiweni kabusha kwemiphakathi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Yingakho saze sakwenza kwaba yisiqubulo ukuthi: “Akuwona umnotho owakha umgwaqo kodwa umgwaqo owakha umnotho”. Lokhu kusho ukuthi uma siletha imigwaqo sivula amathuba anoma yini angaba nomthelela ekuthuthukeni kwabantu.

Lapha nje indawo yakhona inamathuba amahle kwezolimo nakwezokuvakasha. Kodwa uma ingekho imigwaqo ngeke lokho kusize ngalutho.  Izivakashi zizohamba kanjani? Imikhiqizo yezolimo izohanjiswa kanjani?

Emizamweni yokubhekela lesi simo kulo nyaka wezimali esikuwona nje ingu-R203 million imali esiyifake emisebenzini yokwakha nokugcina imigwaqo isesimweni eMkhanyakude. Kulindeleke ukuba kudaleke amathuba emisebenzi abalelwa ku-2 300 azotholwa ngabantu bendawo ngenkathi kuqhubeka leyo misebenzi.

Kulo mgwaqo esize ngawo namhlanje u-D9 ongaphansi kweNkosi yaKwaJobe sizofaka itiyela eliyibanga elingu-11.5 km ngemali engu-R54,82 million.

Okusijabulisayo ngalo mgwaqo ngukuthi vele usuqalile ukusetshenzwa njengoba isigaba sokuqala siqale ngo-November wonyaka odlule. Konke lokhu kucacisa kona ukuthi asisinisi amahleza uma sithi siguqula izimpilo zabantu basemakhaya.

Lo mgwaqo uzosiza imiphakathi ukuba ifinyelele kalula eMakathini Provincial Clinic, Igugulesizwe School neSinethezekile Combined Primary School.

Siyawazi-ke futhi umgomo wethu wokuthi uma kwakhiwa kumele kutholakale namathuba emisebenzi kubantu bendawo. Siyazi-ke futhi ukuthi njengoba abantu balapha eJozini naseMkhanyakude sebekhulile ngokwepolitiki, akukho ukwenzelela ngokobuqembu bepolitiki okuzobakhona ekuqashweni kwabantu. Umsebenzi kaHulumeni ngowabantu bonke akukhethwa ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

NjengoMnyango noHulumeni wesifundazwe sithanda ukubonga kakhulu emphakathini wale ndawo ngokubambisana nathi ngenkathi kwenziwa izinhlelo zalo msebenzi womgwaqo.

Uma sibambisana sikhona lapha emakhaya, ngeke kwande abantu abathutheleka emadolobheni amakhulu bethi bayozama impilo engcono kanti baziyisa ekuhluphekeni futhi. Asibone abantu behlala ngokunethezeka bekhona ezindaweni zokhokho babo.

Kodwa ngaphambi kokuba ngiphethe, ngithanda ukunxusa lokho kubambisana ukuthi kusebenze nasekulweni nobugebengu kule ngxenye yesifundazwe. Uma silungisa imigwaqo siyifaka itiyela, akungabi yithuba lezigebengu ukuthi ziyisebenzisele ukugila kahle imikhuba. Makube yinina enisukumayo nilwe nabazongcolisa igama lendawo yenu.

Mangigcine ngokugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe ngumthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

SinguHulumeni waKwaZulu-Natal sikhathazeke kakhulu ngokwenyuka kwesibalo sezingozi ezibulala abantu bakithi kulezi zinyanga ezimbalwa. Ngenxa yalokhu-ke, sibe sesinquma nokuthi sisheshe sethule uhlelo lwethu lwezokuphepha emgwaqeni, ngokujwayelekile, obekumele lulinde kuze kuqale isikhathi samaholide kaKhisimusi.

Siyazi futhi ukuthi njengoba sibheke esikhathini sikaKhisimusi nje, abantu abaningi emakhaya baba nemicimbi lapho kuhamba imibondo, udwendwe nokunye. Uma nizosebenzisa izimoto ukuya kule micimbi, qinisekisani ukuthi nihamba ngezithuthi ezisemthethweni futhi nabashayeli babe sesimweni esifanele.

Njengoba size ngobuhle nje lapha, sicela ukuphinda sibuye ngabo futhi ubuhle. Sithi sekwanele ukushona kwabantu bashiye nezintandane.

Bheka nje kulezi zinyanga ezimbalwa ezedlule sesilahlekelwe ngabantu abangaphezulu kwenkulungwane emigwaqeni yalesi fundazwe. Angisayiphathi-ke indaba yangoLwesihlanu laphaya eMgungundlovu lapho silahlekelwe ngabantu abangu-15 engozini eyodwa.

Ngalawo mazwi ngithi masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo. Masiphephe KwaZulu-Natal.

**Ngiyabonga**